

MESSAGE BY KZN HEALTH MEC NELISWA NKONYENI ON THE OCCASION OF
DAY FOR THE ORPHANS EVENT AT KWA-DABEKA

08 DECEMBER 07

All protocol observed

Bakwethu namhlanje kuhle sicaciselane ukuthi ngokocwaningo lwe The Demographic Impact of HIV and AIDS in South Africa, kulelizwe kunezintandane ezingu 1.5 million. Isibalo esingaphezu kukahafu walelinani yizintandane ezibangelwe isifo segculazi.

Okubuhlungu kakhulu-ke udaba lokuthi ingxenye enkulu yalezintandane ikhonjwa kuso lesifunda sethu.

Okungenze ngafaka igalelo kulomcimbi kube indaba yokuthi ngicacise ukuthi izinhlelo kanye nosizo okukhishwa ezikhishwa uMnyango wezeMpilo akubheki ukuthi imali unayo noma cha. SinguMnyango sifuna ukucacisa ukuthi ukuntula akusho ukuthi neMpilo ingabe isaba khona

lack of wealth must not mean lack of health

Namhlanje ngifuna kusicacele ukuthi kungumsebenzi esesizinike wona ukubuyisa isithunzi sawo wonke umuntu “restoration of dignity of every citizen.”

Izeluleko isizinikeza bonke laba abantulayo, izingane ezingenabani kanye nalaba abazigadayo yilezo zokuthi abantwana mabafunde baze baqede u Matric ngobathina sizohlala sibaxhasa ngemifundaze bonke laba abaqhuba iizifunde ezibhekene nokulashwa kwabantu.

Esikushoyo lapha sithi lemifundaze siyikhiphela abantwana abazalwe kulesifunda nabazimisele ukuthi uma sebephothulile babuye futhi bazosebenzela umphakathi walesifunda.

Kulonyaka nje ka 2008 ozoqala sisophe ukuxhasa abafundi abangu 800 esizobakhipha kuwo wonke ama Districts ethu angu 11.

Imikhakha esifuna abantwana bethu baqinise kuyo nesaziyo ukuthi iyantuleka, phakathi kweminye sibala lena elandelayo:

- Dental Therapy
- Occupational Therapy

- Pharmacy
- Radiography
- Speech and Hearing
- Medical Technology, and
- Optometry

Kulaba okutholakala ukuthi izifundo zabo aziqinile kweze Science, sithi akhona amanye amathuba esinawo.

Bheka ngoba kumanje sinohlelo lokuthatha intsha engasebenzi nevela emindenini entulayo siyiqequeshe ukuthi isebenze njengama **Emergency Care Practitioners.** Kumanje sizoqinisa ezinganeni zamantombazane ukuthi zingenelele kulomkhakha.

Economic opportunities available to the youth

Kulaba abangasafuni ukuqhubeke nesikole, sithi amathuba okuthi bazisebenze akhona futhi nawo akhishwa uMnyango wezeMpilo.

Esikushoyo ukuthi intsha mayihambe iyozivulela ama **Close Corporations, (CCs)** noma iziqguqguzele isungule ama **Cooperatives;**

ukuze izothola imisebenzi esiyikhiphayo ebhekene nje nabantu

abasebancane. Lapha sikhuluma ngemisebenzi efana nalena:

- Cleaning of buildings
- Manufacture and supply of Disposable Diapers
- Sewing of Hospital Linen
- Gardens and Grounds maintenance
- Manufacture and supply of Toilet Papers and Serviettes, as well as
- Minor renovations of our health facilities.
- Cleaning of our fleet of cars in all Districts.
- Cleaning of Windows in our hospitals

Konke loku ngikuveza ngoba thina njengoMnyango sinezibopho
esizenzile nomphakathi nezithi kufanele siqikele izinga eliphezulu
**leMpilo kuwo wonke umuntu, promoting health, preventing and
managing illnesses .**

Kubalulekile nokuthi ngisho ukuthi sifuna intsha yethu ukuthi
iziphathe ngendlela eyiyo ukuze kuzogwemeka izifo ezisibulalayo

isidingo singekho. Abantu mabangakwenzi loku okulandelayo:
yilezizimo:

- Ukuqalisa ngocansi usemncane, ungakabi ngisho neminyaka engu 18,
- Ukwenza ucansi oluyingozi olungavikelekile,
- Ukuya ocansini nomuntu onezifo,
- Ukulala nabantu abaningi abahlukene,
- Ukubhema, vele kunawo umthelela nakumdlavuza wamaphaphu, kanye nowomphimbo.
- Ukuxhaphaza utshwala..

Sithi: *prevention, prevention, prevention.*

Let all South Africans assist our orphans to be safe and live free of abuse and violence and marginalisation.

Phansi nokuxhashazwa kwezintandane

Phansi nokunukubezwa kwabantwana!!!

I thank you.